**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA IBHULOHO IQOLOQOLO EMZUMBE MHLAKA 12 APRIL 2011.**

Mphathi wohlelo;
Ubukhosi bendawo;
Amakhosi wonke akhona;
Amalungu esiShayamthetho;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi nanamhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eMzumbe sizokuthi halala ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Ngithi sesiphinde sathola ithuba nje, yingoba phela besilapha eMzumbe sivula umgwaqo uP73 ngo-October wonyaka odlule, okuyinyanga esiqale ngayo lolu chungechunge esisaqhubeka nalo lokudlulisela ngokusemthethweni ingqalasizinda kubanikazi bayo okuyimiphakathi.

Nangalolo suku sakusho ukuthi njengoba sihalalisa nje, sisazobuya sizovula amanye ama-*project* esesiwaqedile kule ndawo nasesifundeni soGu sonkana.

Lokho sasikusho ngoba sazi ukuthi ngenkathi kungena loHulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni kuke kwanokwehla komfutho ekuqhutshweni kwama-*project* ngenxa yengwadla yokuzika komnotho emhlabeni. Kuye kwadingeka sakhe amasu okonga imali.

Kodwa kuthe uma isimo sesibuyela kwesejwayelekile, njengoMnyango sathatha isinqumo sokuthi wonke ama-*project* emigwaqo namabhriji ayebophezelwe ozakwethu engibalandelayo kulo Mnyango kumele aqedwe ngokushesha adluliselwe emphakathini. Yingakho-ke silapha namhlanje sizokuthi nani mphakathi waseMthwalume yemukelani ingqalasizinda yenu ngokusemthethweni.

Kodwa futhi ngenxa yegebe elikhona ekwakhiweni kwemigwaqo, sithe ngeke siyeke ukulokhu sithi phohlo kancane nasemisebenzini emisha ukuze kungabi sekuma nse kulabo esingakaze sifike kubona.

Yingakho sinemigwaqo eminingi engenela emiphakathini, esithi ama-local road, esesizibophezele ukuyakha lapha ogwini okwamanje ezokuba wubhuqu. Kulo nyaka wezimali ka-2011/12 nje ibalelwa ku-R23.7 million imali esiyihlelele le misebenzi engikhuluma ngayo. Okuhle futhi ngale migwaqo ngukuthi iletha namathuba okuxosha ikati eziko ngoba siphinda siqashe oZibambele ukuba bayigcine isesimweni.

Phela njengoHulumeni siyakuqonda ukuthi umgwaqo nebhuloho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako. Nina-ke ningofakazi balokho namhlanje njengoba senike nakuzwa ukushaywa indiva ngohulumeni bakudala ababenganinakile. Niyakwazi ukuphila ngaphandle kwebhuloho libe lidingeka.

Kafushane nje engiqonde ukukusho lapha ngukuthi baningi ohulumeni asebafika badlula ezweni lethu, kodwa kuyaqala emlandweni wesifundazwe sethu ukuthi sibone izimpilo zabantu ziba ngcono ngalolu hlobo.

Phela kunamaqiniso okumele sibuye siwaveze uma sicacisa ngokuzibophezela nokufeza lezo zibophezelo kulo Hulumeni. Lapha ngiqonde ukuthi kuyiqiniso phela ukuthi ezinye zezinselelo ezibhekene neKwaZulu-Natali kudingeke zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni.

Kodwa-ke siyanibongela futhi ukuthi nagcina senibona ukuthi ngubani okumele ahole uHulumeni wenu esifundazweni. Nakuba silikhalela leliya shumi leminyaka enalilahla, kodwa siyabonga ukuthi kule minyaka eyisithupha esenisinike yona abantu abaningi sebephumele obala basho ukuthi sebeyawubona umehluko.

Esihlale sikucela nje emiphakathini yakithi ngukuthi isibekezelele. Ningakhohlwa ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda. Ngakho-ke uma singakafiki kuwena kumele wazi ukuthi yingoba sisabambeke kwenye indawo nayo efana neyakho.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana kohulumeni basekhaya nowesifundazwe. Inkinga esesiyitholile kwezinye izindawo ngukuthi intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela awafuni ukuxhumana nesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani. Kuyacaca ukuthi kusekhona abantu abangakaqondi ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Kuleli bhuloho laKwaQoloqolo esilivula namhlanje sifake isamba semali esingu-R8,5 million. Siyajabula futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi abalelwa ku-2 500 amathuba emisebenzi adalekile kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Ngakho-ke sithatha leli thuba sithi siyawubongela umphakathi walapha eMthwalume ikakhulukazi ngaphansi kweNkosi uNzama okuyiwona osuhlomule kakhulu lapha. Siyazi ukuthi imiphakathi yalapha, ikakhulukazi abafundi nothisha bebehlupheka uma befuna ukufinyelela ezikoleni.

Lapha kuhlanganisa iKhanya High School, Siyaphemba Primary School, Kwajeza Primary School, Nomakhanzana Primary School neZibonele High School nezinye izindawo ezihlinzeka ngosizo emphakathini.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba, njengoNgqongqoshe obhekele nezokuPhepha kulesi sifundazwe, ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

SiwuHulumeni-ke sithi singabhekana kalula nazo lezi zinselelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko. Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi.

Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni intuthuko. Masihlangane singumphakathi silwe nabo bonke ububi endaweni yethu okuhlanganisa nabo bonke obunye ubugebengu.

**Ngiyabonga**